# Inqubomgomo Yemininingwane Yangasese

I-Oxford University Press ("OUP") izibophezelele ekuvikeleni imininingwane yobuqu bakho nasekuhlonipheni imithetho yokuvikelwa kwemininingwane emhlabeni jikelele. Le Nqubomgomo yemininingwane yangasese ichaza indlela esikwenza ngayo lokhu, futhi kuyasebenza kuwe lapho usebenzisa iwebusaythi ye-OUP, imikhiqizo namasevisi ayo.

## Indlela esiyisebenzisa ngayo imininingwane yobuqu bakho

Imininingwane yobuqu bomuntu siyisebenzisela ukukhangisa nokuhlinzeka imikhiqizo namasevisi e-OUP, ukuqinisekisa ukuphepha kwewebusaythi yethu, nokuqhuba ibhizinisi lethu. Sendlale **kuleli khasi** incazelo eyenabile ngokuqondene nezigaba zemininingwane yobuqu bomuntu esiyiqoqayo, izindlela ezithile esiyisebenzisa ngazo leyo mininingwane yobuqu bomuntu, imithetho esivumelayo ukuba senze lokho, kanye nezinhlobo zabalingani esiyihlanganyela nabo imininingwane yobuqu bakho.

Kwezinye izimo lapho sicela khona imininingwane yobuqu bakho, sisuke sifuna ukufeza isicelo sakho noma ukwenza i-oda lakho (e.g. sidinga ikheli lakho ukuze sithumele i-oda lakho).  Uma ungasiniki leyo mininingwane yobuqu bakho, ngeke sikwazi ukusingatha isicelo noma i-oda lakho.

## Ukuvuma nokuhoxisa imvume yakho, nokushintsha imininingwane yobuqu bakho

Lapho kudingeka khona imvume yakho ukuze sisebenzise imininingwane yobuqu bakho, imvume yakho siyoyicela ngesikhathi oyobe usinika ngaso leyo mininingwane yakho.  Unelungelo lokuyihoxisa noma nini leyo mvume. Ungayishintsha noma nini imininingwane yobuqu bakho. Uma ufuna, ungasithinta ku-privacy@oup.com.

Asiyidayiseli muntu omunye imininingwane yobuqu bakho.

## Ukulondolozwa kwemininingwane yobuqu bakho

Imininingwane yobuqu bakho ingase ilondolozwe futhi isingathwe ngaphandle kwezwe eqoqwe kulo, ngisho nangaphandle kwe-European Economic Area. Lapho sithumela imininingwane kwabanye, ngaphakathi kwe-EEA noma kwezinye izindawo, siyaqinisekisa ukuthi kunezivikelo nezinyathelo zezobuchwepheshe ezifanele nezikahle ukuze kuvikelwe imininingwane yobuqu bakho. Lokhu sikwenza ngokusebenzisa amabinzana azo zonke izivumelwano agunyazwe yiKhomishani YaseYurophu, noma sisebenzise isitifiketi esifanele se-Privacy Shield noma i-Binding Corporate Rules ebekwe amasaplaya ethu, noma sithatha ezinye izinyathelo ezifuze lezo ngokwezimfuno zemithetho emhlabeni jikelele. Ungayinikezwa ikhophi yezinto ezibalulekile ukuze uzibheke uma uzicela ngokuthumela i-imeyli kuMphathi Wemininingwane Yangasese e- privacy@oup.com.

Amarekhodi emininingwane yobuqu bakho siyowagcina okwesikhathi esidingekayo kuphela ukuze senze lokho esasiyiqoqele kona, nokuba silandele imithetho nemiyalo mayelana nokulondolozwa kwamarekhodi. Siyasihlonipha isicelo sokuyeka usebenza ngemininingwane yobuqu bakho ngezinjongo zokukhangisa. Lokhu kuhlanganisa ukuligcina unomphela irekhodi lesicelo sakho ukuze sisihloniphe isicelo sakho esikhathi esizayo.

## Amakhukhi

Sisebenzisa amakhukhi kwiwebusaythi yethu noma kwezobuchwepheshe ezifana nawo kuma-app ethu nakwezinye izinhlelo.  Sicela ubheke Inqubomgomo Yamakhukhi ethu ukuze uthole incazelo yendlela okungasebenza ngayo lokhu kuwe.

## Amalungelo akho

Unelungelo lokucela ukubona imininingwane yobuqu bakho noma ukuyilungisa noma ukuyisula, ilungelo lokubeka imingcele ekusetshenzisweni kwemininingwane yobuqu bakho, kanye nelungelo lokunqabela ukusetshenziswa kwemininingwane yobuqu bakho. Unelungelo lokunqabela ukusetshenziswa kwemininingwane yobuqu bakho ngenxa yezizathu ezilungile ze-OUP. Unelungelo lokusinqabela ukukuthumelela ngqo izikhangiso nokukuhlungela izinjongo zokukhangisa kuwe ngqo. Ungasithinta nge-imeyli ku- privacy@oup.com ngokuqondene nanoma yimaphi amalungelo achazwe kulesigaba, noma uma unanoma yimiphi imibuzo mayelana nanale nqubomgomo yemininingwane eyimfihlo. Unelungelo lokufaka isikhalazo ngokusebenzisa kwethu imininingwane yobuqu bakho emagunyeni aphethe ezokuvikelwa kwemininingwane ezweni ohlala kulo noma osebenza kulo, noma lapho ukholelwa ukuthi iphutha lenzeke khona.

## Ukuxhumana nathi

Umlawuli wemininingwane yewebusaythi yethu, imikhiqizo ethu kanye namasevisi ethu yi-Shansela, aBaphathi noNgoti beYunivesithi Yase-Oxford, esebenza ngaphansi kwegama elithi Oxford University Press, eku-Great Clarendon Street, Oxford OX2 6DP, United Kingdom, ngaphandle uma kushiwo okwehlukile kwiwebusaythi, kwiimikhiqizo, isevisi noma efomini oyilethe ngalo kithina imininingwane yobuqu bakho.  Ngokwesibonelo, uma imininingwane yobuqu bakho uyifaka ngewebusaythi ethi www.oupe.es, umlawuli wemininingwane yi-Oxford University Press España S.A. Uma ungaqiniseki ukuthi ubani umlawuli wemininingwane yakho, noma uneminye imibuzo mayelana nenqubomgomo, uMphathi Wemininingwane Yangasese e-OUP (Umphathi Wezokuvikelwa Kwemininingwane) angatholakala ekhelini elifanayo noma nge-imeyli ethi privacy@oup.com.

## Mininingwane mini eqoqwa yi-OUP?

Imininigwane yobuqu bakho siyiqoqa futhi siyisingathe lapho uthenga izimpahla namasevisi kithina nalapho uxoxa nathi kwiwebusaythi yethu. Lemininingwane ihlanganisa:

- Igama lakho, igama ongena ngalo, nephasiwedi yakho.
- Ikheli ohlala kulo noma ikheli lebhizinisi, ikheli le-imeyli, kanye nezinombolo zocingo.
- Imininingwane yokukhokha kwakho neyedilivari yakho, kuhlanganise nekheli lokuthumela iphepha lezindleko nekuyodilivwa kulo nemininingwane yekhadi lakho lekhredithi, lapho uthenga kithina.
- Lokho okukhethayo mayelana nezikhangiso, kuhlanganise nezimvume osuke usinike zona.
- Imininingwane ephathelene ne-inthanethi noma umshini ongena ngawo kwiwebusaythi.
- Amarekodi okusebenzisa kwakho amasevisi e-OUP.

## Iyisebenzisa kanjani i-OUP imininingwane yakho?

Imininingwane yakho siyisebenzisa kanje:

- Ukufeza isivumelwano nawe noma ukuthatha izinyathelo ngokwesicelo sakho ngaphambi kwalokhu:
    - Ukwenza ama-oda
    - Ukuhlinzeka ngemininingwane nosizo lwezobuchwepheshe uma ulucela
    - Ukukuthinta mayelana nezinguquko ezenzeke kumasevisi
    - Ukusingatha imininingwane yamakhadi ekhredithi esuke ifakwe kwiwebusaythi yethu kusetshenziswa izindlela zokukhokha ezilandela imithetho ye-PCI
    - Ukulawula imincintiswano
    - Ukulondolozwa nokuhlaziywa kwemininingwane yakho ukuze kuhlolwe nokuba kusingathwe isicelo sakho somsebenzi

- Njengoba kufunwa yi-OUP ukuba siqhube ibhizinisi lethu nokuba sifune izinzuzo zethu ezisemthethweni, ngokuqondene:
    - Nokukuvumela ubone imikhiqizo namasevisi a-odwe yisikhungo sakho
    - Ukukuhlinzeka ngemininigwane ehlukile yalokho okukumikhiqizo noma isevisi, kuye ngokuthi uyisebenzisa kanjani leyo mkhiqizo noma isevisi.
    - Ukukwazisa ngngemikhiqizo namasevisi e-OUP ngeposi, imeyli, nangocingo, ngokuvumelana nalokho okukhethile mayalana nezikhangiso nemithetho ephathelene nokukhangisa ngqo kumuntu
    - Ukukhangisa ngqo kubantu abathile amanye amaimikhiqizo namasevisi e-OUP esibona sengathi angaba wusizo kuwe, ngokusekelwe endleleni oyisebenzisa ngayo iwebusaythi ye-OUP, amaimikhiqizo ayo, namasevisi ayo
    - Ukuhlaziya indlela owasebenzisa ngayo imikhiqizo namasevisi e-OUP ukuze sithuthukise amazinga esevisi nokuba sisungule imikhiqizo namasevisi esikhathi esizayo, okuhlanganisa nokusebenzisa inhlolovo
    - Ukuqinisekisa ukuphepha kwamawebusaythi e-OUP nemininingwane yezobuchwepheshe nokuvikela amalungelo e-OUP

- Lapho usinika khona imvume:
    - Uma sidinga imvume yakho ukuze sikuthumelele izikhangiso zemikhiqizo namasevisi e-OUP
    - Ukuze sifake Amakhukhi nokuba sisebenzise ezobuchwepheshe ezifana nawo emishinini yakho njengoba kuchazwe kwiNqubomgomo Yamakhukhi ethu.

- Ngenxa yezinjongo ezifunwa wumthetho:
    - Ukuhlanganyela imininingwane yobuqu bakho ukuze kulandelwe imithetho i-OUP engaphansi kwayo.

## I-OUP iyoyihlanganyela kanjani imininingwane yakho?

Imininingwane yobuqu bakho siyihlanganyela

- Ngaphakathi e-OUP kanye neqembu lezinkampani ezibandakanyekayo ekufezeni inqubo echazwe ngenhla
- Nabanye abahlinzeki bamasevisi abasingatha iminingwane yakho benzela i-OUP ngezinjongo ezingenhla – njengezinhlelo zokukhokha, noma ukusingathwa kwama-oda
- Nabanye esibambisene nabo emincintiswaneni oyingenelayo
- Nabantu bezemfundo labo i-OUP ebashicilela amabhuku lawo wena noma isikhungo okuso eniwa-odayo.
- Nezikhungo okwazi ukuthola kuzo amasevisi e-OUP.

Imininingwane yobuqu bakho siyoyihlanganyela futhi:

- Uma sibona kudingekile ukuze sivikele amalungelo e-OUP, impahla yayo noma ukuphepha kwe-OUP, izisebenzi zethu, abalingani bethu kwezebhizinisi noma amakhasimende ethu. Lokhu kuhlanganisa ukuhlanganyela imininingwane ngezinjongo zokuvimba ukukhwabanisa nokukhushulwa kwamathuba okuthenga ngesikweletu.
- Namagunya kahulumeni kanye/noma iziphathimandla zomthetho uma kufunwa wumthetho.